



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NHLABA/NHLANGULANA 2025

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
- | | |
|-------------|-------------------|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |
9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)**UKUHLALISANA KOMNDENI**

- 1 Isizwe sakithi siyisibonelo esihle mayelana nenhlonipho, ubumbano, nobuntu. Izenzo eziyichilo emindenini ziyangandwa zingakafinyeleli emphakathini ukuze umndeni ungabi yinhlekisa. Uma kwenzekile amanye amalungu omndeni azithole exabana, abadala bayawabiza, kubanjwe umhlangano ukuze abangaboni ngaso linye bakwazi ukubhodla, bakhiphe okusezifubeni, bathelelane amanzi. Imvamisa-ke kulesi sikhathi samanje izingxabano zomndeni azisaxazululwa ngokushesha. Zigcina sezibhebhethekisa okomlilo wequbula, abozalo bagcine sekuyikati negundane. Ihlazo lomndeni ligcina selaziwa wumphakathi. Kwesinye isikhathi laziwe nawumhlaba wonke jikelele. Lokhu kubangelwa wukuthi izinkinga zomndeni zisiwa ezinkantolo, ezigcawini zamakhosi, emasontweni nasezinkundleni zokuxhumana. 5 10
- 2 Inkinga yomndeni iqala lapho izingane sezikhulile, sekufanele ziphume ziyoziphembela imizi yazo. Lezi zintombi nezinsizwa zala ukhasha ukuphuma ekhaya yize iningi selisebenza futhi linezingane. Ziyakhohlwa ukuthi izinkunzi ezimbili azibusi esibayeni esisodwa. Imithetho yasekhaya isishaywa indiva, yilowo nalowo usezisungulela umthetho wakhe ekhaya okungelabazali. Isuke lapho-ke impi. Angisayiphathi-ke uma umzali engahamba emhlabeni. Ingingxabano iyaqhubeka uthando noxolo kuphela nya. Uzwe la makhosikazi namadoda esethi, 'Kukithi la.' Lapho-ke inkani yabo sekungeyexoxo, kuze kubanjwane ngezihluthu, kulinyazwane. 15 20
- 3 Kukhona-ke olunye uhlobo lwabantu emindenini olukhonze abangani ngokweqile. Laba bantu bawuhlakaza bawuqede umndeni ngoba bayisihlava esibi ngokuba ngovovoliyakhipha. Bazicevuza zonke izindaba zomndeni ebanganini ikakhulukazi lezo eziyihlazo. Basuke becabanga ukuthi bazothola usizo nokwelulekwa ngabangani kanti basuke bengabuzanga elangeni. Bayakhohlwa ukuthi lo mndeni abakhuluma ngawo nabo bangamalungu awo. Iningi lalaba bangani bangabanganimbumbulu, bayakugqugquzela ukuba uqhubeke ujivaze igama lomndeni wakho emphakathini. Bazosuka-ke bangakuniki izeluleko eziphusile. Baze basho ukuthi uyilesi esathunywa ugwayi sabuya neboza. 25
- 4 Izingxabano zamafa nazo sezidla lubi, zidala ukuklwebhana okubangisa amahloni. Umbango uqala lapho uSokhaya endela koyisemkhulu. Kusuka esinamathambo, kubhoke **umhobholo** ngoba kukhona abangafuni ukwehlukaniselana ifa nabanye bomndeni. Kwesinye isikhathi kuze kuyokwenziwa nolibofuzo ngoba sekukhona abathile abatshelwa ukuthi abazalwa kuleli khaya. Abafowabo myeni nabo abasali, ezabo izingxabano ezokugaqela ifa lomfowabo yize enezingane nenkosikazi. Umangale nje uma sebeshaq izimpahla kungakangcwatshwa. 30 35

- 5 Kwesinye isikhathi ukwehluleka ukwamukela izimo ezilukhuni emhlabeni kudala impi enkulu emndenini. Lokhu kwenzeka lapho ilungu lomndenini onenkinga seliphumile lingawazisile amanye amalungu omndenini liyohlola kulabo ababonayo. Kusuka omkhulu umsindo lapho sekunukwa elinye ilungu lomndenini. Lona osuke esenukiwe kuvamise ukuba oyigazi, izihlobo ngisho nomzali okuzalayo imbala. Lapho-ke ingxabano yakhona ayipheli. 40
- 6 Kulezi zingxabano asisali isihlava esidalwa ngukuncintisana kwabozalo ekutheni kusunguleke umona. Uqhudelana kanjani nodadewenu, nomfowenu ngoba uma uba nezingqinamba empilweni yibona bantu ongakhalela kubona uma usebunzimeni. Ingxabano iyakhula lapho sekunenzondo edalwa ngukungacabangelani niwumndenini futhi ningasasizani. Uzwe kuthiwa bekuqashwa endaweni thizeni isihlobo sakho ebesazi ngala mathuba omsebenzi sanquma ukuwuhlaba inhlali kwabozalo kepha sazisa abangani. Le nhliziyi embi idala igqubu elingapheli ngoba kwesinye isikhathi le nkulamo igcina isifikile ezindlebeni zomndenini. Umshiya kanjani umnewenu ekhaya engasebenzi evuka mihla namalanga eyofesa kunalokho ukhethe umngani? 45
- 7 Ayisaphathwa-ke eyabashadene, babopha ifindo bafunge bagomele phambi komfundisi nezihlwele ukuthi bayohlukaniswa wukufa. Nabaphansi babikelwe ukuthi naba abantu sebengumndenini munye. Sigasele isihlava emshadweni. Azisali-ke nezingane uma kwembulelwa umhlaba ihlazo lomndenini nazo ziyathinteka kakhulu. Uma abazali bephethe ngokudabula incwadi yomshado, izingane sekumele zikhethe uhlangothi. Singezigxeke kakhulu lezi zingane ngoba izinga lempilo yazo liyaguquka. Zishintsha isikole, umuzi ebezihlala kuwo nezingubo zokugqoka. Bayaye balwe-ke nabazali kubangwa zona. Inhlamba kuleyo mpi ayisali, sekuthukwana nasesidlangalaleni, naphambi kwezingane. Ungaphika ukuthi laba bantu bake baba ngamathe nolimi njengoba sebephenduke inkukhu nempaka. 55
- 8 Mazibuye emasisweni. Umndenini mawube yindawo enesithunzi namalungu omndenini uvikelane ukuze izitha zingayitholi intuba yokungena. Lokhu kungadala ukuthuthuka, uthando noxolo olungunaphakade. Uma kunokuhilizisana emndenini, wonke umndenini kusuka kwabancane kuya kwabadala, mabadonswe ngendlebe ukuthi babikele abomndenini nabozalo, kuxoxiswane. Uma inkinga ingasombululeki sekungayiwa koSonhlalakahle ukuze nalabo abangena ngenxeba banqindeke amandla bajokole. **Ingani kuyashiwo ukuthi, eyomndenini kayingenwa.** 65

[Umbhalo wokuziqambela]

KANYE

Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Zithathwe ku-www.googlelense]

IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)

- 1.1 Shono ukuthi yikuphi okwenziwayo uma kwenzekile kwaxabana amalungu omndeni. (2)
- 1.2 Yisho isizathu esidala ukuthi izingxabano zomndeni zigcine sezaziwa ngumhlaba wonke. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sokuqala. (2)
- 1.3 Chaza kafushane ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sesibili sikulekelele kanjani ukuqonda okukhulunywa ngakho kulesi sigaba. (2)
- 1.4 Nikeza okufanayo mayelana nosizo olutholakala esigabeni sesi-3 kanye nasesigabeni sesi-5. (3)

- 1.5 Khetha igama elingahambelani ngokomqondo naleli elibhalwe ngokugqamile.
Igama elibhalwe ngokugqamile elitholakala esigabeni sesine liwumqondofana naleli ...
A umhawu.
B umona.
C umgolo.
D umfantu. (1)
- 1.6 Qhathanisa umqondo wesigaba sesi-6 kanye nesigaba sesi-7. (3)
- 1.7 Ucabanga ukuthi yisiphi isixazululo esingaqeda ukuncintisana kwamalungu omndeni? Nikeza amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.8 Hlaziya ukuhambelana kwalesi sitatimende esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-8 kanye nomqondo walesi sigaba. (3)
- 1.9 Ake ufake isincomo sokuthi uma leli hlazo lokungezwani okubhekana nemindeni kungaba khona emndenini wakho ungenze njani. (2)

KANYE**IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)**

- 1.10 Shono ukuthi kwenzekani esithombeni sesi-2. (2)
- 1.11 Nikeza OKUNGUMEHLUKO ngezenzo phakathi kwabantu ababonakala esithombeni soku-1 kanye nababonakala esithombeni sesi-3. (2)
- 1.12 Qhathanisa umqondo oqukethwe UMBHALO A isigaba sesi-4 kanye nalokho okubonakala KUMBHALO B esithombeni sesi-2. (4)
- 1.13 Hlaziya okwenzeka esithombeni sesi-4. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nezindlela zokuziphatha uma umenywa emcimbini.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nezindlela zokuziphatha uma umenywa emcimbini usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba KUPHELA**.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C**IZINDLELA ZOKUZIPHATHA UMA UMENYWA EMCIMBINI**

Miningi imicimbi esikhona kulezi zinsuku zanamuhla. Ohlela umcimbi uchitha imali eningi, ewulungiselela ukuze ube yimpumelelo. Uyaye ajabule futhi ajabulise nalabo abakhethile ukuthi bazombungazisa. Yonke imicimbi iba nemithetho okumele ilandelwe. Abamenywayo bathola izimemo ezibazisa ngomcimbi ezidinga uphendule ukuthi uyaphumelela noma awuzukuphumelela. Phendula kusenekhathi ukuthi uzophumelela noma awuzukuphumelela ukuze kwaziwe ukuthi uyeza, ungabonakali usutheleka.

Umcimbi uba muhle ngengqephu futhi uhlonipheke. Sekuvamisile ukuthi abamenywayo bachelwe ukuthi bagqoke imibala ethile. Hlonipha umcimbi ngokugqoka njengoba uceliwe ukuze ungaphoxi ezithombeni ezithwetshulwayo. Kuyaye kumangaze-ke ukuthi laba abangagqokile ngendlela efanele kube yibo abafuna ukuvela kakhulu ezithombeni.

Imiyalelo iyachaza ukuthi kumenywa abantu abaneminyaka emingaki. Umnikazi womcimbi ukwenza ngenhloso lokho. Abamenyiwe mabangezi nezingane nabangani babo abebengamanyiwe noma ngabe basondelene kangakanani nomnini womcimbi. Inkinga enkulu kujika kube yibona abafike nezingane abaziqhwakelisa ezitulweni. Abantu abadala bagcina sebemi ngezinyawo sekuzofanele umphathihlelo acele izingane ukuba zisukumele abantu abadala.

Phatha isipho noma ngabe sincane kangakanani uma umenyiwe. Lesi yisenzo esikhombisa ubuntu nokubonga ukuthi ukhunjuliwe emcimbini. Yiso lesi sizathu esenza onomcimbi abameme kusenekhathi ukuze bangacini ngokuphumelela ukuza emcimbini kepha baphathe nezipho. Imicimbi iba namatafula okudla okunhlobonhlobo. Ungaziphakela ukudla okufunayo ngoba nguwana ozaziyo ukuthi udla kangakanani ukuze kugwemeke ukumosheka kokudla.

Musa-ke ukuphaka uqongise isitsha, ukudla kube yintaba uze ungaboni ngale kwesitsha. Uma kwenzekile wangasutha, ungaphinda kodwa ungabi nomhobholo uphake ujike ushiye inqwaba yokudla abanye bangabe besakuthola.

Emcimbini abantu bavamise ukuhamba ngezikhathi ezingafani. Ungathathi ukudla neziphuzo ukufake esikhwameni noma emotweni ungakuphiwanga umninimcimbi. Lokhu kuba kubi ngoba kusuke kukhona abasasele beqhubeka nokuzijabulisa. Imicimbi ivamile ukungabi nesikhathi sokuqala nokuphela yize kusuke kubhaliwe ekhadini lesimemo. Zihlelele wazi ukuthi uzoya ngani futhi uzogoduka kanjani ngemuva komcimbi. Kuba yinkinga uma okumemile usumthwesa umthwalo wokuthi akulande noma akufunele inqola yokubuyela emuva, ngemuva komcimbi.

[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)


**UMCIMBI WAMAGUGU- INDONI
KUNOMNCINTISWANO KAZIME
WEZINTOMBI NAMAGEZA EZINSIZWA
UNYAKA - 2024**

PHUTHUMA! THOLA ELAKHO ITHIKITHI
www.webticket.co.za

USUKU: 23 kuMANDULO 2024
UMGQIBELO
12:00 - Durban ICC
www.indoni.net

**AMAFOMU OKUNGENELA
ASEYATHOLAKALA-2024
WALALA WASALA!**

www.indoni.net

arts & culture
MEDILUTION

SABC 1

[Sithathwe ku-www.indoni.net]

- 3.1 Shono ukuthi yikuphi okumele ukwenze uma ufuna ukuba yingxeny yabancintisanayo. (1)
- 3.2 Kungani kusetshenziswe amalogu ehluken kulesi sikhangisi? (1)
- 3.3 Chaza ngokusetshenziswa kwezokuxhumana kulesi sikhangisi. (2)
- 3.4 Iyini inhloso yokusebenzisa lesi sithombe salezi zinsizwa kanye nentokazi kulesi sikhangisi? (2)
- 3.5 Phinda ubhale umusho otholakala kulesi sikhangisi othi, 'Thola elakho ithikithi,' ubesindleleni yamandla. (2)
- 3.6 Phawula ngekhono lomkhangisi lokusebenzisa ulimi kulesi sikhangisi. (2)

[10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

Sicashunwe ku-www.bing-funny.picture.ac.za, sabuye sahungyushwa]

4.1 Chaza ukuthi bakuphi laba balingiswa. (1)

4.2 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo.

Lesi sibiyelo esikule khathuni sichaza ukuthi:

- A Uyakhuluma
- B Uyathetha
- C Uyahleba
- D Uyacabanga

(1)

- 4.3 Xoxa kafushane ngomyalezo odluliswa ngumdwebi wale khathuni kubantu abasebasha. (2)

KANYE

Bukisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

USimangele ubonana noThemba okokuqala emuva kokutholana ezinkundleni zokuxhumana. UThemba ubukeka eyinja.



[Sicashunwe ku-www.google.picture.ac.za, sabuye sahunyushwa]

- 4.4 Khipha imisho EMIBILI eqondile etholakala kulo musho ombaxa kulesi sibiyelo. (2)
- 4.5 Chaza ukuthi yini ekhombisa ukuthi uSmangele wethukile kule khathuni. (2)
- 4.6 Hlaziya inkulumo kaThemba kanye nokuvezwa kwakhe njengomlingiswa kule khathuni. (2)
- [10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G**KUNGCONO UKUHLULEKA UZAMILE KUNOKUHLULEKA UKUZAMA**

- 1 Kuyiqiniso elingephikiswe ukuthi akekho noyedwa ongadikibali uma ezama okuthile kungaphumeleli. Abantu basaba ukusebenza ngokuzikhandla. Amaphupho abo agcina **engafezekanga ngoba basuke besaba ukuzama**. Ungabagxeka uthini labo bantu ngoba basuke besaba amehlo athe **njo** kubo alindele ukuthi uzohluleka nini. **Abantu bayagconana lapho amaqembu edlala enkundleni yezemidlalo**. 5
Bayakhohlwa ukuthi kuningi okufundwa ngumuntu ngamaphutha emizamo yakhe. Ukuba lowo muntu ubengazamanga ngabe akafundanga ngisho into eyodwa vo.
- 2 Kukhona abantu abangamagwala abahlalela ukugxeka zonke izenzo zabanye. Umbuzo wukuthi bayoqala nini ukwenza okuhle. Awube usabuzwa ngoba abalaleli ngisho sebegqugquzelwa ukuthi mabaqale ukuzithuthukisa. Basuke sebenamahloni 10
okuthi sebekhulume kakhulu begxeka. Ngakho-ke kukhulu osekungalindeleka kubona. Kufanele abantu bakuqonde ukuthi lowo nalowo muntu kufuneka athole **umvuzo** wezithukuthuku zakhe.
- 3 Bancamela ukuququdw yinkemane ngenxa yokusaba ukuzibandakanya nezinhlelo zokuzithuthukisa ezingasiza ukuba baxoshe ikati eziko. Ngempela usuke umsabani 15
umuntu okuhleka ngoba uzama? Ikhona yini impuphu akuthengela yona ukuze udle uma ungazamanga? Utshani obulele buvuswa ngomlilo. Bangingi abayofa bengazamanga ngoba bejabulisa abantu abangabasizi ngalutho.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 5.1 Sebenzisa isenzo esisabizo esitholakala emgqeni wesi-2 odwetshelwe emshweni ozakhele wona. (2)
- 5.2 Shono ukuthi lisetshenziselweni igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-4. (1)
- 5.3 Emshweni omagatshagatsha obhalwe ngokugqamile emgqeni we-5
 - 5.3.1 Khipha umusho oyinhloko.
 - 5.3.2 Umshwana okhonzile okhanyisayo. (2)
- 5.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo.
Chaza ukuthi le theksthi eyisiqeshana ihleleke kanjani:
 A Iyehlukanisa
 B Iyaqhathanisa
 C Iyalandisa
 D Iyachaza (1)

- 5.5 Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-2 emshweni ozakhele wona ukuze ukhombise ukuthi uyayazi incazelo yalo. (2)
- 5.6 Bhala umusho ozakhele wona onegama elimqondofana naleli elidwetshelwe emgqeni we-14. (1)
- 5.7 Phinda ubhale umusho odwetshelwe esigabeni sesi-3 uqale ngesikhanyiso. (1)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70